518 Bhanya Street

King Bhekuzulu Township

P.O.Box 606

Vryheid

3100

10 kuLwezi 2020

Committee Secretaries

Mnu Allen Wicomb, Nksz Teboho Sepanya

3rd Floor

90 Plein Street

Cape Town

8000

**ISICHIBIYELO SOMTHETHOSIVIVINYWA WEBHANGENGODLA LASENINGIZIMU AFRIKA**

**[B26- 2018]**

Ngiyisakhamuzi esihlala kulelikheli elingenhla kwaZulu.Ngiyalibonga ithuba esinikwa lona lokuthi sibeke uvo lwethu mayelana nesichibiyelo somthethisivivinywa webhangengodla laseningizimu Afrika.Lokhu ngikufunde ephepheni Isolezwe langesonto mhlaka 08 kuLwezi 2020.

Nakuba nginombono ohlukile kodwa ngiyabacela abaphathi bezwe lethu ukuthi balubhekisise uvo lwami ukuthi ngeke yini luyisize iNingizimu Afrika lubuye lusize nomhlaba wonke.

Uvo lwami noma umbono wami uthi : Ibhangengodla kungaba kuhle ukuthi livalwe ngendlela yokuthi ingabe ingasasetshenziswa inkece kusetshenziswe izindlela zakudala inkece ingakabibikho kusashintshiselwana ngezinto zokuphila futhi kwenziwe ngendlela ezokwenelisa wonke umuntu sijabule sonke esikhona emhlabeni ngoba ukuze kutholakale izinto zokuphila akuncibikaliswa inkece kungcono sinikezane ngendlela esizikhiqiza ngayo sishintshiselana ngazo izinto zokuphila ngaphandle kwenkece.

Okwake kwabakhona yikhona okuzobakhona nokwake kwenziwa yikhona okumele sikwenze uma sithi silungisa umhlaba wethu.Lokhu kungenzeka kalula uma umhlaba ungabuyiselwa kubanikazi bawo njengokuthi izwe lakwaZulu libuyiselwe kumninilo uNgangezwelakhe uGoodwill Zwelithini Zulu nakwezinye izizwe libuyiselwe kuwo amakhosi alo.Okuningi ukonakala kwezinto emhlabeni kubangwa yikho ukuthi sisebenzisa inkece emhlabeni.

Ngingathokoza uma nginganikezwa ithuba lokuthi ngenze izethulo zami ngomlomo.

Yimina Ozithobayo

Mali George Buthelezi

Cell no : 0836335588

E-mail : maligbuthelezi1@gmail.com